

## **Dr. Ben und Ubbo Khumalo-Seegelken**

---

**Von:** Dr. Ben und Ubbo Khumalo-Seegelken <khumalo-seegelken@t-online.de>  
**Gesendet:** Sonntag, 29. November 2020 11:41  
**An:** Prof BA KHUMALO  
**Betreff:** umusa!  
**Wichtigkeit:** Hoch

Bong!

UNesh nawe sinifisela amandla eniwadingayo ukubhekana nalolu laka olunihlasele. Nitotobe kutotobeke, nelulame!

Lokhu ukugodola okushaya emnkantsheni kungethusele nami izolo, ngenqena ukuthi ngingenwa yilo mkhuhlane weCovid. Namuhla bengizophuthuma kwadokotela ngiyohlolwa, ngavuka sekwedlule ukugodola emva kokuba kade ngilalé ngembethe izingubo ezifudumezayo kanye nebhodlela elinamanzi afudumele. Okwamanje ngibona sengathi ngenhlanhla ngisaphephile – noUbbo ngokunjalo. Yizikhathi ezinzima lezi!

Ukuphathwa yikhanda kuyawukhandla umzimba, ikakhulukazi kithi esesikhulile. Sengathi odokotela bangaba neso elibanzi nekhono, amakhambi abo azwelele, bupheze ubuhlungu. Nemikhuhlane ihlangabezeleka ludlana uma izikhwepha ziphilile namandla ekhona ngokweneleyo emzimbeni. Aké budambe lobu buhlungu bekhanda, ahlume amandla amasha, ubhekane kangcono nale mininingwane esiyethweswa yilo mkhuhlanekazi weCovid.

Sizonikhonzela nakuReinhild, sinedlulisele izilokotho zenu.

Sicela umusa!

Yini abakwenu  
[eKhaya eJamane](#)

>> [iziThombe zethu | unser Fotoalbum](#)